



basic education

Department:  
Basic Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**UKUHLOLA KUKAZWELONKE KUKA 2015  
UMHLAHLANDLELA WOKUHLOLA  
IMATHEMATHEKISI - ISIZULU  
IBANGA LOKU-1**

**ISINGENISO**

Kulonyaka ka-2015 ukuhlola kukaZwelonke konyaka nonyaka (ANA 2015) kuzokwenziwa ngoMandulo (September) 2015 kuzo zonke izikole zomphakathi kanye nalezo ezikhethiwe ezizimele. Kulesi sikhathi bonke abafundi beBanga loku-1 kuya kwelesi -3. bazobhala izivivinyo zikaZwelonke zoLimi kanye neZibalo. Imiphumela iyosetshenziswa ukubika ngenqubekela phambili ehambisana nokufinyelela emibonweni eyamiswa ku-*Action Plan 2014 Towards Schooling 2025*.

Izivivinyo zokuhlola zikaZwelonke zonyaka nonyaka (ANA) zizobhalwa ngethemu yesithathu, ngakhoke uMnyango wezeMfundo Emazingeni Aphansi (DBE) uhlinzeke ngomqulu ongumhlahlandlela webanga ngalinye kanye nesifundo ngasinye (soLimi kanye neZibalo) kulokho okulindelekile ukuba abafundi bakwazi baphendule imibuzo equkethwe yikharikhulamu yabo okungenani ngempumelelo elindelekile. Umhlahlandlela wokuhlola kukaZwelonke konyaka nonyaka ka-2015 wenziwe wahambisana nokuhlelwa kwekharikhulamu abafundiswa yona kuleli zinga.

**IZINGA ELIYISISEKELO:**

Ebangeni loku-1 kuya kwelesi-3 izivivinyo ziyogxila emsebenzini ohlelelwe amathemu amathathu okuqala onyaka. Ngokwala mabanga uMhlahlandlela wokuhlola uhlelwe waba ngamakhulumu amathathu ahambisana nemigqa. Amakhono azohlolwa atholakala kwikhalamu yokuqala, ingqikithi yomsebenzi kwikhalamu yesibili bese kuthi amakhono ahlolwayo atholakale kwikhalamu yesithathu.

Kubalulekile ukuba uqaphele ukuthi uMhlahlandlela wokuhlola kukaZwelonke konyaka nonyaka kuka-2015 awuqondile ukuthi lokhu okutholakala kuwo yikhona kuphela okumele kufundiswe kunyaka wonke. Kunalokho uMhlahlandlela wokuhlola unikeza umsebenzi okumele ufundiswe kuze kuyofika ethemini yesithathu yalowo nyaka.

Othisha balindeleke ukuba bawusebenzise umhlahlandlela kanye nezinye izinsiza-kufundisa uma befundisa noma behlola umsebenzi.

Ingxenye Yolwazi	Izihloko	Amakhono ahlolwayo- Ukuhlola ukuthi umfundi uyakwazi uku :-
<b>IZINOMBOLO, IZIMPAWU KANYE NOBUDLELWANO BAZO</b>	Bala uye phambili ubuye uye emuva.	bala nga :-  <ul style="list-style-type: none"> <li>- kunye kusukela kunoma iyiphi inombolo phakathi kuka 0-80.</li> <li>- mashumi kusukela kunoma iyiphi inombolo phakathi kuka 0-80.</li> <li>- kuhlanu kusukela kunoma iyiphi inombolo phakathi kuka 0-80.</li> <li>- kubili kusukela kunoma iyiphi inombolo phakathi kuka 0-80</li> </ul>
	Izimpawu namagama ezinombolo	<ul style="list-style-type: none"> <li>- bhala izimpawu zezinombolo kusukela ku-1 kuya e-20.</li> <li>- bhala amagama ezinombolo kusukela ku-1 kuya e-10.</li> </ul>
	Chaza, uqhathanise bese uhlela izinombolo	<ul style="list-style-type: none"> <li>- qhathanisa izinto ezahlukene bese ehlela ngobuningi, ngobuncane nokungaphezulu nokufanayo njll.</li> <li>- qhathanisa uhlele zinombolo eziphelele kusukela kwenkulu kuye</li> </ul>

Ingxenye Yolwazi	Izihloko	Amakhono ahlolwayo- Ukuhlola ukuthi umfundi uyakwazi uku :-
	Indlela yokuxazulula izinkinga	<p>kwencane kuze kufike e-15.ngaphambili, emuva, phakathi nendawo.</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>- Izithombe ezizokhomba izibalo zendaba.</li> <li>- Ukwakha nokuhlakaza izinombolo</li> <li>- Ukuphinda nokwenza ohhafu</li> <li>- Umugqa wezinombo</li> </ul>
	Ukuhlanganisa nokususa	Xazulula izinkinga zezibalo ezisesimweni esijwayelekile esebenzisa ukuhlanganisa, ukususa esebenzisa izinombolo kuze kufike e-15.
	Ukuhlanganisa, okuphindaphindayo okuholela ekuphindaphindeni	Xazulula izinkinga zezibalo ezisesimweni esijwayelekile esebenzisa ukuhlanganisa okuphindayo kube nemiphumela enezinombolo ezifika e-15.
	Ukwenza amaqoqo kanye nokuhlukaniselana okuholela ezibalweni zokwahlukanisa	Xazulula izinkinga zezibalo zamagama ezisesimweni ezijwayelekile ezinokuhlukaniselana namaqoqo ezinombolo ezigcwele kuze kufike e-15 nemiphumela enezinsalelo.

Ingxenye Yolwazi	Izihloko	Amakhono ahlolwayo- Ukuhlola ukuthi umfundi uyakwazi uku :-
	Imali	Xazulula izinkinga zemali ezifaka isamba noshintshi kuze kuyofika ku R20; kanye namasenti afike ku 20c.  Ukubona imali ewuhlweza yase Ningizimu Afrika 5c, 20c, R1, R2, R5
	Ukuhlanganisa nokususa	Ukuhlanganisa kuze kufike e-15  Ukususa kusukela e-15.  Ukuzilungiselela usebenzisa amabhondi kuze kufike e-10
	Amaphethini ejiyometri  Amaphethini ezinombolo	Kopishe uqhube iphethini lejiyometri.  Kopishe uqhube ulandelanise izinombolo ezijwayelekile okungenani ama-80 ngokukodwa, ngokubili, ngokuhlanu nangamashumi
	Izimo ezinhlangothi mbili 2-D	Qhathanisa izimo ezinhlangothi mbili ngokwe: <ul style="list-style-type: none"> <li>○ Isikali</li> <li>○ Isimo</li> <li>○ Umugqa oqondile</li> <li>○ Amacala ayindilinga</li> </ul>

Ingxenye Yolwazi	Izihloko	Amakhono ahlolwayo- Ukuhlola ukuthi umfundi uyakwazi uku :-
		Ukubona asho isimo esinhlangothi mbili 2-D, izindilinga, onxantathu, izikwele
	Ukufana nse nhlangothi zombili	ubona futhi adwebe umugqa ohlukanisa kulingane nxazombili ezimweni ezinhlangothi mbili (2-D) ze-jiyometri nokungesizo ezejiyometri.
<b>ISILINGANISO</b>	Isikhathi	yisho aphinde alandelanise izinsuku zesonto kanye nezinyanga zonyaka. Qhathanisa ubude besikhathi esebenzisa ulimi isib. Kude kune, kufishane kune, kuyashesha kune, kuncane kune.
	Ubude	qhathanisa, ahlele bese eyabhala ubude esebenzisa amathuluzi angahlelekile. isib :- amagxathu, ubude bamapensela, izandla njll.
<b>UKUQOKELELA KOLWAZI LWEZIBALO</b>	Beka, hlaziya uphinde uhumushe ulwazi lwezibalo.	phendula imibuzo ngolwazi ku-grafu yezithombe. beka okumele ulwazi ngokusebenzisa i- grafu yezithombe.